SASTRI COLLEGE

ISIKHUNGO SEZILIMI - ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA

UKUHLOLWA KOKUPHELA KONYAKA – 2018

IBANGA LESISHIYAGALOMBILI - (GRADE 8) IPHEPHA LESI-2

UMHLELI: N.Z. ZONDI

UMCUBUNGULI: Z. NZAMA

ISIKHATHI: IHORA ELI-1

IMIKLOMELO: 40

IMIYALELO KUBAFUNDI

1. Leli phepha linamakhasi ayi-5
2. Lineziqephu ezimbili
   - ISIQEPHU A: INOVELI (20)
   - ISIQEPHU B: IZINDABA EZIMFISHANE (20)
3. Fundisisa yonke imiyalelo ngaphambi kokuthi uphendule imibuzo.
4. Phendula YONKE imibuzo.
5. SHIYA umugqa emva kombuzo ngamunye.
6. Bhala izinombolo zezimpendulo njengoba zibhaliwe emibuzweni.
7. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
8. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.
9. Imiklomelo isiyonke ingama-40

Pheqa ikhasi/...

ISIQEPHU A- INOVELI: Zibanjwa Zisemaphuphu- M.M. Masondo

Umbuzo 1

**Funda isiqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.**

UMasithole wabe engajwayele ukuphakamisa izwi uma evusa izingane zakhe, uNomusa noSakhile ngaphandle kokuba uma esebona ukuthi basengozini yokufika sesingenile isikole. Ngalelo langa isikhathi sabe sesihambe kakhulu kangangoba kwakungasekho ngisho esokugeza! Singasaphathwa-ke esokudla! Yonke into abe ezoyenza kusuka lapho uNomusa kwabe kufanele ayenze **ngokuphazima kweso**.

UNomusa wageza masinyane, wagqoka, wathi ukudlayidla okungatheni maqede wagxavula isikhwama sezincwadi zakhe zesikole waphuma ephaphatheka ngejubane. Kwathi lapho eseyophuma esangweni wakhumbula ukuthi wabe engaxubhanga amazinyo. Wajika ngelikhulu ijubane wabuya ezoxubha. Esaxubha lapho wakhumbula ukuthi kwabe kubalulekile ukuthi abukeke kahle ukuze kuthi lapho ehlangana noGqumo, ebe emuhle. Lokho kwamenza wathi ukuthatha isikhashana esibukweni esaziphophotha. Kepha isikhathi sona sabe singamile.

USakhile kwabe sekukudala ehambile waya esikoleni. UMaSithole wayibheka kanye indodakazi yakhe wabe esethi; " Kubukeka sengathi awulalanga. Kwenzenjani?" "Ukuthi ngiphethwe umkhuhlane, mama." Kuphendula uNomusa ethe njo esibukweni. "Uma ngabe ugula kumele uhlale ekhaya ungayi esikoleni," kusho uMaSithole. "Cha, ngeke kulunge mama, ngizoba ngcono," kusho uNomusa ephuma egulukudela **njengenyamazane**, wagijima ephikelele esikoleni. "Gijima, isikhathi sesidliwe yinja bo!" kwakumemeza uMaSithole ngenkathi indodakazi yakhe iphuma ngejubane esangweni isiphikelele esikoleni. UNomusa wagijima njalo ephikelele esikoleni. Wedlula emathuneni ePhunganhloye ngejubane. Kwathi lapho eseyokweqa umgwaqo waseDundee, **wazithela phezu kukaMakhosazane** Khanyile emile emlindile.

| | | |
|---|---|---|
| 1.1 | UNomusa uhlobene kanjani nalaba abalandelayo: | |
| **1.1.1** | USakhile | **(1)** |
| **1.1.2** | UMakhosazane Khanyile | **(1)** |
| 1.2 | Kwakusuke kwenzenjani uma uMaSithole ephakamisa izwi lapho evusa izingane zakhe? | **(1)** |
| 1.3 | Yisiphi isizathu esasenza uNomusa athathe isikhashana esibukweni esaziphophotha? | **(1)** |

**Pheqa ikhasi/...**

1.4 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenziswe esiqeshini:

1.4.1 Ngokuphazima kweso. (2)

1.4.2 Isikhathi sesidliwe yinja. (2)

1.5 UMaSithole ungumama oyiqaphelisisayo ingane yakhe. Uyavuma noma uyaphika? Sekela impendulo yakho ngephuzu ozolithatha esiqeshini. (2)

1.6 Shono ukuthi lo musho olandelayo uqukethe sifengqo sini: (1)
**UNomusa waphuma egulukudela njengenyamazane.**

1.7 Ubani umlingiswa omkhulu kule ndaba? Sekela impendulo yakho ngephuzu elilodwa. (2)

1.8 Nikeza izinhlobo ezimbili zodweshu ofunde ngazo. (2)

1.9 Qondanisa **UHLU A noHLU B.** Isib. 1.9.1 G

| UHLU A | UHLU B |
|---|---|
| 1.9.1 Unina kaNomusa | A. Intulo |
| 1.9.2 UMemu Lindelwa | B. UKati |
| 1.9.3 UMakhosazane | C.UQhudeni |
| 1.9.4 Uthisha uNgcobo | D. UMaSithole |
| 1.9.5 Uthisha UMhlongo | E. UGogo |
| | F. UMfazi wephepha |
| | G. UMgqumeni |

(5)

[20]

**AMAMAKI ESIQEPHU A: [20]**

## ISIQEPHU B: IZINDABA EZIMFISHANE

### UMBUZO 2

<u>Ngiyazisa Ngesitshulu Sami</u>

**Funda isiqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela:**

> Aqhubeke nokunonga isitshulu sakhe uSebenzile ngesikhulu isineke. Phela ufuna bakuzwe kahle lokhu kudla ukuthi kudidiyelwe umdidiyeli oqeqeshiwe kulo msebenzi. Phela uSebenzile wakufundela ukupheka, futhi wake wapheka emahhotela aphambili. Ngakho uma epheka, ufuna kuzwakale kahle ukuthi kupheke umpetha. Isinyathelo sokugcina kwaba ukufaka umgqonyana owawuzokwenza isitshulu sishube kamnandi. USebenzile wakuqaphelisisa ukuthi imigqonyana esekhabetheni yabe ingasenawo amaphepha amalebuli ngaphandle, ayesehlutshuliwe.

**Pheqa ikhasi**

Naye wake wama wacabanga ukuthi ngabe kwenzeke kanjani lokhu. Kwamfikela nokuthi akaye kobuza kuFezile nomama wakhe. Kodwa wabuye wazitshela ukuthi akunandaba noma ngabe okabhontshisi noma owamaveji umgqonyana ulungile.

Akuthi-ke esezofaka okuqukethwe umgqonyana esitshulwini sakhe kukhale ucingo. Uwuvula nje umgqonyana ucingo lusendlebeni. Uthe angalivula, walithi qu ebhodweni maqede wagovuza. Ugovuza ebhodweni nje ukhuluma nocingo. Kuthe uma eseqedile nocingo esebhekisisa lapha ebhodweni, wavele wamangala. Phela akusiwo ubhontshisi lo, akusiyo futhi inyama! Pho kuyini? Asondeze nekhala. Maye! Sengathi ukudla kwamakati nje lokhu okungene la! Wathuka wazithola esememeza uFezile.

2.1 Yini isitshulu? (1)

2.2 Nikeza izinhlobo ezimbili zokudla okusemgqonyaneni okukhulunywa ngakho esiqeshini (2)

2.3 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe kubakaki:

2.3.1 Umuntu oqeqeshiwe usuke (ephazanyisiwe, efundisiwe, eshayiwe) (1)

2.3.2 Umpetha umuntu (ongawazi, owenqenayo, owazi kahle) umsebenzi. (1)

2.4 USebenzile wayewufakelani umgqonyana esitshulwini sakhe? (1)

2.5 Ukukhuluma nocingo kukaSebenzile ebe epheka kwaba namthelela muni? (2)

2.6 Isihloko sendaba sithi: "Ngiyazisa ngesitshulu sami". Ingabe siyahambisana yini nokwenzeka endabeni? Chaza kafishane. (2)

**[10]**

UMBUZO 3

<u>UMVUZO</u>

**Funda isiqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela:**

Usendleleni manje ephikelele esikoleni. Usethuswa ukuzwa izwi limbingelela, "Sawubona Wandile, usuku olukhulu namuhla." Kwakubingelela uSomusa ejabulela ukufica uWandile. Wajabula uWandile ukubona uSomusa. Wavuma uWandile, waqhubeka uSomusa ekhumbuza uWandile ngesithembiso sikaMvelase sokuqala konyaka ukuthi umfundi ozophuma phambili uyonikezwa umklomelo wokuthi athole umfundaze ozomqhubezela phambili nezifundo zakhe. UWandile wayesakhumbula kodwa engenandaba nakho ngoba azi ukuthi akekho yena kulowo mshungu ohamba phambili. Wagcizelela uWandile ukuthi yena uyojabuliswa nje ukuphumelela kuphela.

3.1 Ubani umlingiswa omkhulu kule ndaba? (1)

3.2 Yiluphi lolu suku olukhulu olushiwo uSomusa? (1)

3.3 Caphuna igama esiqeshini elisho okufanayo naleli: **umvuzo.** (1)

3.4 Ngonjani umfundi owayezothola umklomelo? (1)

3.5 Mklomelo muni owawuzotholwa umfundi omusho ngenhla? (1)

3.6 Yini ingwijikhwebu? (2)

3.7 Ngabe siyayithola ingwijikhwebu kule ndaba? Sekela impendulo yakho ngokubhekisa esiphethweni sale ndaba. (3)

**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: [20]**

## AMAMAKI ESEWONKE: [40]